
# IBhayibheli LaBantwana

Likulethela



# Amakhosi Amahle, Amakhosi Amabi


Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Lazarus; Alastair P.

Ifanekiswe ngu: Ruth Klassen

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala



Ikhiqizwe ngu: Bible for Children

www.M1914.org



©2025 Bible for Children, Inc.

iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.





Kwakuwusuku oludabukisayo kuManase. Uyise, iNkosi uHezekiya, wayesanda kushona. Manje, eneminyaka eyishumi nambili kuphela ubudala, uManase wayeseyinkosi entsha phezu kwabantu bakaNkulunkulu kwaJuda. Wayengakwazi ngaleso sikhathi, kodwa uManase wayezoba inkosi iminyaka engu-55. UManase wayedinga usizo lukaNkulunkulu ukuze abe inkosi elungile.




Kodwa uManase akamnakanga uNkulunkulu futhi wenza okubi. UManase wakha kabusha ama-altare okukhulekela izithombe. Wenza nesithombe esibaziweyo, wasibeka ethempelini elingcwele likaNkulunkulu. UNkulunkulu wayeshilo ngoMose, "Ungazenzeli izithombe ezibaziweyo. Ungakhothameli kuzo noma uzikhonze."
3
UManase wayethakatha futhi enobuqili. Wabahola abantu kude noNkulunkulu. Inkosi yaze yashisa amadodana ayo njengemihlatshelo ezithombeni. Ukungalaleli kukaManase kwamthukuthelisa kakhulu uNkulunkulu.
4
Lapho abantu Bakhe bengalaleli, uNkulunkulu uyabavumela ukuba bajeziswe. Yilokho okwenzeka kuManase nakubantu ayebabusa. uJehova wehlisela impi yama-Asiriya phezu kwabo. UManase wayiswa eBhabhiloni eboshwe ngamaketanga.
5
Ehlupheka eBhabhiloni, UManase wancenga uJehova uNkulunkulu wakhe. Wazithoba kakhulu phambi kukaNkulunkulu wawoyise, wakhuleka kuye. Akusekho ukukhuleka ezithombeni ezifile! Kodwa ingabe uNkulunkulu ophilayo wayeyomphendula uManase ngemva kwabo bonke ububi bakhe?
6
Yebo! UNkulunkulu wawuzwa umkhuleko wenkosi wayibuyisela eJerusalema, wayibuyisela esihlalweni sobukhosi, wayibuyisela ekubeni yinkosi phezu kwabantu. UManase wazi ukuthi uJehova unguNkulunkulu.
7
Inkosi uManase yaba umuntu omusha. Wakhipha isithombe ethempelini likaNkulunkulu futhi waqoqela ndawonye bonke onkulunkulu bezinye izizwe eJerusalema. Wazilahla zonke. Walungisa i-altare likaJehova, wanikela ngeminikelo yokubonga. Khona-ke wayala abantu bakhe ukuba bakhonze uJehova uNkulunkulu ka-Israyeli. Yeka ushintsho kuManase!
8

Lapho uManase efa, indodana yakhe siqu, u-Amoni, yaphindela ekukhulekeleni izithombe. Kodwa akazange azithobe phambi kukaJehova njengoManase. Njengoba u-Amoni wona kakhulu, izinceku zakhe ekugcineni zambulala endlini yakhe. Wabusa iminyaka emibili kuphela.




9

Inkosi eyalandela, uJosiya, yayineminyaka engu-8 kuphela ubudala. Wabusa iminyaka engu-31 futhi wenza okulungile emehlweni kaNkulunkulu. Wabhubhisa konke ukukhulekela kwamanga nabo bonke onkulunkulu bamanga. Eqinisweni, uJosiya wagaya zonke izithombe zaba yimpuphu.




10

Inkosi elungile uJosiya yahlanza futhi yalungisa ithempeli likaNkulunkulu. Phakathi kwezibi umpristi wafumana incwadi yomthetho kaJehova eyabhalwa ngesandla sikaMose.



11

Lapho inkosi isizwa amazwi omthetho, yaklebhula izingubo zayo ngokudabuka. UJosiya wayazi ukuthi okhokho bakhe babenze ububi obukhulu kangakanani ngokungawulaleli umthetho kaNkulunkulu.



12

Umprofethikazi uHulida wanikeza uJosiya umyalezo kaNkulunkulu. "Usho kanje uJehova uthi, 'Bheka, ngiyakwehlisela phezu kwale ndawo zonke iziqalekiso ezisencwadini, ngokuba bangishiyile.'" Kodwa ngenxa yokuthi uJosiya wayethobekile futhi elalela,

lokhu kwakungeke kwenzeke kwaze kwaba ngemva kokufa kwakhe.




13

UNkulunkulu wasiza uJosiya ukuba ahole abantu bakhe babuyele kuJehova. Ngolunye usuku, lapho ehola ibutho lakhe empini, uJosiya walinyazwa kabi umcibisheli wesitha. Izinceku zakhe zamyisa ekhaya ngenqola zaya naye eJerusalema lapho afela khona. Bonke abantu bakhe balila, baqamba amaculo ngenkosi elungile uJosiya.



14



Ngokushesha ngemva kwalokho, umbuso waphela. Kodwa ngolunye usuku, inkosi iyophinde ibuse phezu kuka-Israyeli. Igama lakhe UYINKOSI YAMAKHOSI, NOMKHOSI WABABUSI. Lapho uJesu Kristu efika okokuqala, wenqatshwa futhi wabethelwa esiphambanweni. Lapho uJesu Kristu ebuya futhi, ngeke abe yinkosi phezu kuka-Israyeli kuphela, kodwa phezu komhlaba wonke.



Amakhosi Amahle, Amakhosi Amabi

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

2 IziKronike 33-36

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130



# Yaphela

23 60



Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16